**INKULUMO KA NGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANA NOMPHAKATHI U BHEKI CELE KEMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWE SOYI LOKWAKHIWA KWEBHULOHO EMFULENI UTHONYELANA NGO MGQIBELO WOMHLAKA 24 KU SEPTEMBER:**

- Kuyinto engayisho kwasekuqaleni ukuthi esikhathini sami njengoNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ngizohlale ngilwela ukuvikelwa kwababuthaka kakhulu emphakathini ngokuba banikezwe ithuba lokuba ingxenye yezinhlelo zikahulumeni ngokunjalo nasemnothweni wethu.

- Umgomo obalulekile ngalesi sikhathi sami ngukuthi ngizobhekelela ngokungahlonizi abampofu ngenhloso yokuvala igebe phakathi kwezigaba zomnotho, esokuqala nesesibili.

- Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kusafakazela kona ukuzibophezela kukahulumeni ukuqinisekisa ukwakhiwa kwemigwaqo ngendlela ezokwanelisa wonke umuntu.

- Ngokomlando, bekwaziwa ukuthi ingqalasizinda yemigwaqo kumele igxile ekulungiseleleni ukusetshenziswa izimoto nje kuphela.

- Kodwa muva nje, izidingo zabahamba ngezinyawo emgaqweni, abamabhayisekili, nabasebenzisa izithuthi zomphakathi sezithola ukubhekelelwa okuyisimanga.

- Ngenxa yalokhu, imizila yezinyawo, izindlela zokuhamba ngezinyawo eceleni komgwaqo, izikhumulo zamabhasi, amarenki amatekisi, izindawo zokuwela abahamba ngezinyawo emgwaqeni, amabhuloho ezinyawo nako sekubhekelelwe kakhulu emigwaqeni yethu. Ngaphezi kwalokhu, kwenziwa imizila yama bhayisekili kwezinye izindawo. Lokhu kuhambisana nenqubo yamanye amazwe.

- ENingizimu Afrika, ikakhulukazi KwaZulu-Natal, ingxenye eningi yabantu ihlala ezindaweni zasemakhaya lapho bembalwa kakhulu abantu abanezimoto, kanti abantu abaningi bathembele kakhulu kwizithuthi zomphakathi ukuze bahlangebezane nezidingo zokuhamba.

- Ngenxa yamazinga aphezulu obuphofu nokuntuleka kwemisebenzi ezindaweni zasemakhaya, abantu basemakhaya bajwayele ukusebenzisa amabhasi, amatekisi noma bahambe ngezinyawo uma beya ezikhungweni zomphakathi.

- Selokhu uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqale ukwakha amabhuloho ezinyawo emifuleni kule minyaka emihlanu edlule, siyenyuka isibalo sezicelo zamabhuloho emiphakathini.

- Isicelo esisheshayo siqhamuke kwi-Bergville Rural Road Transport Forum nasemphakathini jikelele waseMazizini abebelokhu bekhankasela ukuba kwakhiwe ibhuloho lezinyawo emfuleni iThonyelana.

- Ngasekuqaleni kwalo nyaka ngihambele indawo yaseBergville lapho ngethembise umphakathi wakhona ukuthi ngizoqinisekisa ukuthi udaba lwabo lubhekelelwa ngokushesha.

- Njengoba ngethembisile, namhlanje sesibuyile sizonazisa ukuthi ukwakhiwa kwebhuloho eThonyelana sekuzoqala maduze.

- Umfula iThonyelana ungomkhulu ongenela oThukela, okuyinto ebaluleke kakhulu eNingizimu Afrika, ngoba uyasiza ekuletheni amanzi asetshenziswa emakhaya, kwezolimo nasekukhiqizeni ugesi.

- Amabhuloho ezinyawo enza lula ukuwela umfula noma ngabe isimo sezulu sinjani, nokwenza kufinyeleleke kalula ezikoleni, emitholampilo, eziteshini zamaphoyisa, ezindaweni zamagugu nezinye izikhungo zomphakathi.

- La mabhuloho abuye abe neqhaza elikhulu ezindaweni eziyingozi ezinezimoto eziningi nezigijimayo, lapho abantu bedinga ukuwela.

- Uhulumeni wethu ukubonile ukuthi ukwakhiwa kwesizwe kuhambisana nokuvuselela kabusha nentuthuko, kanti ukhiye walokhu wuhlelo lwengqalasizinda oluzokwenza kube lula ukulethwa kwezidingo zesimanje njengogesi, amanzi, izingcingo zokuxhumana, izithuthi, ezempilo, ezemfundo nokuqeqeshwa kubantu bakithi.

- Lolu hlelo kumele luhlangabezane nezidingongqangi nokuvula amathuba ezomnotho kulabo abebecindezelwe phambili emadolobheni nasemakhaya. Lokhu ekugcineni kuzokhuphula izinga kuyo yonke imikhakha kwezomnotho.

- Akungabazeki ukuthi uhlelo lwengqalasizinda lungaphezulu kokulethwa kukagesi, amanzi nezingcingo zokuxhumana.

- Uhulumeni wethu usubonile futhi ukuthi uhlelo olungcono lwezokuthutha ngolukwaziyo ukuxhumanisa izindawo zasemakhaya nezasemadolobheni ngisho nase-Afrika eseNingizimu yonkana. Lokhu kwenzeka ngesikhathi lolu hlelo lulekelela kabanzi nasekuthuthukisweni komnotho nokusimamiswa komphakathi.

- Kafushane nje, singathi akuwona umnotho owakha imigwaqo kodwa imigwaqo eyakha umnotho.

- Ukuwela ibhuloho laseThonyelana kuxhumanisa umphakathi neNsetheni Combined Primary School, iThonyelana Primary, iGoeckner Memorial Senior Primary, iQhozo High School neminye imitholampilo.

- Sekuzo finyeleleka kalula esiteshini samaphoyisa eSandlawana. Kwenza lula futhi ukufinyelela esikhungweni sokuvota. IMweni River Cutback, okuyingxenye yoKhahlamba Heritage Site, nebuye ibe isizinda sezokuvakasha nayo sekufinyeleleka kalula kuyona.

- Kunemigelezane yamanzi aqhamuka eDrakensberg okuthi ngezikhathi zemvula yenze kwenyuke amanzi emfuleni bese kuba ingozi ukuwela.

- Sekube nezigameko eziningi lapho bebalelwa kwabayisithupha abafundi abaminza bezama ukuwela. Uma umfula ugcwele ayikho enye indlela yokufinyelela endaweni, okwenza kungafinyeleleki kwizidingongqangi. Lokhu kwenza umphakathi ukhathazeke, bese ubeka izimpilo engcupheni nokuholela ekuminzeni.

- Njengoba kushiwo phambilini, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuthole izicelo eziningi zamabhuloho esifundazweni sonke. Nokho, izindawo esizibeka phambili yilezo lapho abafundi nothisha, abangenayo enye indlela yokuhamba, kumele bahlambe emfuleni ukuze bafinyelele ezikoleni.

- Kuno cwaningo olwenziwe ngo-2004 mayelana nokwakhiwa kwebhuloho eThonyelana.

- Kube sekwenziwa uhlelo lokusebenzisana nenkontileka kaVukuzakhe ezokwakha ibhuloho. Inani lalo msebenzi lilinganiselwa ku-R6.9 million. Njengamanje kusalindwe ukugunyazwa kwethenda ebhodini.

- Ibhuloho lizovemela ukuhamba kwemoto eyodwa ngesikhathi bese kuba nezindawo zokuhamba ngezinyawo emaceleni. Ubude bungu-70 m nezinsika eziyisikhombisa. Ukwakha kulindeleke ukuba kuqale ngo-December nonyaka kanti kulindeleke ukuba kuthathe unyaka ukuphothulwa.

- Lo msebenzi uzoletha amathuba emisebenzi namakhono kwezokwakha kubantu bendawo. Ilinganiselwa ku-25 imisebenzi ezodaleka, kubandakanya emihlanu yabesifazane neyishumi yentsha.

- Ngaphezu kwalo R6.9 million, izimpilo zabantu bale ndawo zizophuculeka ngokulethwa kweminye imisebenzi yengqalasizinda yomgwaqo ngenani lika-R16 million.

- Le misebenzi eyengeziwe ibandakanya ukugcinwa kwemigwaqo isesimweni, osonkontileka bakaZibambele, ukulungiswa komgwaqo owubhuqu, ukwakhiwa kwemigwaqo engenela ezakhiweni ngokusebenzisa uVukuzakhe nokunye.

- Ngokuphendula isoyi namhlanje, asixhumanisi nje imiphakathi ngokwesimo senhlalo, amasiko, nomnotho, kodwa lo msebenzi uzoqonisekisa futhi ukuzibophezela kwethu ekwakheni impilo engcono kubantu bonke.

- Lo msebenzi ungobunye ubufakazi bokuzibophezela kukahulumeni wethu ukukhuphula isivinini sokulethwa kwezidingo KwaZulu-Natal, ikakhulukazi mayelana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda emakhaya nasemiphakathini eyayincishwe amathuba phambilini.

- Akukho ukungabaza ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuhambe kakhulu ngamasu awo okwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolufinyelela kuzo zonke izindawo KwaZulu-Natal.

- Kuningi osekwenziwe kuleli shumi leminyaka edlule. Kodwa kusekuningi kakhulu okusadinga ukwenziwa kule minyaka ezayo.

- UMnyango wethu usanda kusingatha ngempumelelo ingqungquthela yobuchwepheshe eyaziwa nge-2$^{nd}$ Africa Technology Transfer Conference, lapho

bekudingidwa izindaba ezahlukene kwezokuthutha. Ngikholwa ngukuthi izinqumo ezithathwe lapha zizosisiza kakhulu ekwakheni iKwaZulu-Natal okungeyabo bonke abantu abayakhele.

- Sengiphetha, ngithanda ukunikhumbuza ukuthi inyanga ka-October ibekelwe ukuba ngeyezithuthi zomphakathi esithi i-National Public Transport Month. Ngakhoke ngiyanxusa ukuba nibe ingxenye yezinhlelo ezahlukene nemicimbi ehleliwe.

- Masisukume Sakhe

Ngiyabonga